Government Gazette
Staatskoerant

REPUBLIC OF SOUTH AFRICA
REPUBLIEK VAN SUID-AFRIKA

Vol. 525 Pretoria, 18 March Maart 2009 No. 32034

CONTENTS

No.		Page No.	Gazette No.
	GENERAL NOTICES		
Justice and Contitutional Development, Department of			
General Notices			
310	iziZulu: General notice for comment on Exhumation Policy	3	32034
311	isiZulu: General notice for comment on Exhumations and Reburials Regulations	20	32034

ISAZISO JIKELELE

ISAZISO 310 SONYAKA WEZI-2009

UMNYANGO WEZOBULUNGISWA NOKUTHUTHUKISWA KOMTHETHOSISEKELO

INQUBOMGOMO YOKUMBIWA KWEZINSALELA ZESIDUMBU: AMACALA ABANTU ABALAHLEKILE ABIKWE KUKHOMISHANA YAMAQINISO NOKUBUYISANA (TRC)

1. ISIMEMO SOKUFAKA IMIBINO KUNQUBOMGOMO EPHAKANYISIWE YOKUMBIWA KWEZIDUMBU EMACALENI ABANTU ABALAHLEKILE ABIKWE KU-TRC

1.1 Abantu abanothando bayecelwa ukuthi bafake imibono yabo kuMqondisi Jikelele: Wezobulungiswa Nokuthuthukiswa Komthethosisekelo ngaphambi koLwesihlanu noma ngoMsombuluko mhla zingu-23 kuMashi 2009, imibono ngeNqubomgomo Yokumbiwa Kwezidumbu ephakanyisiwe yafakwa kuSengezo. Imibono kufanele ibhalwe ukuthi iya ku-Dkt MJ Seekoe, Umqondisi Omkhulu: Engxenye ye-TRC; kanti futhi –

(a) Uma ithunyelwe ngeposi, ingathunyelwa–
KuMqondisi Jikelele: Wezobulungiswa Nokuthuthukiswa Komthethosisekelo
Private Bag X81
PRETORIA
0001

(b) Uma ithunyelwa ngesandla, ingahanjiswa –
e-Momentum Building, Room 1439, East Tower
c/o Pretorius Street and Prinsloo Street
PRETORIA

(c) Uma ifekisiwe, ingafekiselwa ku-012 – 357 8570.

(d) Uma ithunyelwa nge-e-meyili, ithunyelwe ku-vijacobs@justice.gov.za mseekoe@justice.gov.za.

2. ULWAZI OLUYISENDLALELO

Ulwazi oluyisendlalelo olulandelayo lufakiwe ukuze lusize abantu abanothando lokufaka imibono ngeNqubomgomo ephakanyisiwe Yokumbiwa Kwezidumbu.

Ukuthuthukiswa koMthetho Wokubuyisana Nobumbano Kuzwelonke we-1995 (uMthetho wama-34 we-1995) i-TRC inikezwe umsebenzi wokuthi yenze izincomo kuMongameli. I-TRC income ukuthi kusungulwe ithimba elizophenya ngamacala acishe afinyelele ema-500 abantu abalahlekile ayebikwe ku-TRC kodwa agcina engaxazululekanga. UMongameli waphasisa lezi ziphakamiso ngo-Ephreli 2003 ngaphambi kokuthi kubekwe Umbiko Wokugcina we-TRC ePhalamende.

Ithimba Elifuna Abantu Abadukile lasungulwa **kuYunithi Yokumangalelana Ngokwephulwa Komthetho okuphambili** *(Priority Crimes Litigation Unit)* (PCLU) kuPhiko Lwezokushushisa Lukazwelonke (NPA) lwezi-2004. Ithimba Elifuna abantu selokhu laqala uphenyo ngamacala abantu abadukile ngezindaba zezepolitiki phakathi komhla woku-1 kuMashi 1960 kuya mhla ziyi-10 kuMeyi 1994. Kuze kube manje sekumbiwe izidumbu zabantu ezingama-54.

Kwabonakala isidingo sokuthi kufanele kwakhiwe inqubomgomo yokuqinisekisa ukuthi uhlelo lokumbiwa kwezidumbu ngokwamacala abantu abalahlekile abikwe ku-TRC, kwenziwa ngendlela enokuxhumana nelawulekayo maphakathi nohlaka lomsebenzi onikezwe abenza umsebenzi neqoqomithetho elifanele.

U-DKT MJ SEEKOE
UMQONDISI OMKHULU: WENGXENYE YE-TRC
UMNYANGO WEZOBULUNGISWA NOKUTHUTHUKISWA KOMTHETHOSISEKELO

ISENGEZO

INQUBOMGOMO YOKUMBIWA KWESIDUMBU: NGAMACALA ABANTU ABALAHLEKILE BABIKWA KUIKHOMISHANA YAMAQINISO NOKUBUYISANA

1. UHLU

Amacala abantu abalahlekile kushiwo amacala abantu abikwe kuKhomishane Yamaqiniso Nokubuyisana (TRC) njengabadukile noma abalahlekile;

I-DNA kushiwo i-esidi i-deoxyribonucleic noma i-esidi i-deoxyribose nucleic ephatha ulwazi lofuzo olusenhlayiyeni futhi esetshenziswa kakhulu njengethuluzi lokuphenya emkhakheni wezesayensi yomthetho;

Ukufundwa kwamathambo kushiwo ukusetshenziswa kwesayensi yokufundwa kwamathambo omuntu ohlelweni lwezomthetho kufaka ukuhlukaniswa kwamathambo asevunde kakhulu noma ezinsalela zamathambo abantu ezingakhonjwanga;

Isayensi yokufunda amasiko kushiwo ukusetshenziswa kwamasu nezindlela zokufunda amasiko akudala ngezinsalela emkhakheni wezomthetho ikakhulukazi ukuphoqelelwa komthetho ophathelene nokwelelesa;

I-Trust Yamapaki Enkululeko kushiwo umgwamanda onomsebenzi wokukhokhela ukuthuthukiswa kwamaPaki Enkululeko, iPhrojekthi Yefa Likazwelonke ngokoMthetho Wesizinda Samagugu Kuzwelonke wè-1999 (uMthetho wama-25 we-1999) ngokombono wokucacisa konke ukubaluleka kwamagugu, okuzohlanganiswa kukhombise ngendlela ecacile nenokuxhumana eNingizimu Afrika eyizwe elisathuthuka ngokolwazi nangokuyona uqobo;

Umqondisi Wezokushushiswa Komphakathi Kuzwelonke (NDPP) kushiwo Umqondisi Wezokushushiswa Komphakathi Kuzwelonke oqokwe ngokwesigaba se-179(1)(a) soMthethosisekelo waseRiphabhlikhi yaseNingizimu Afrika we-1996 (uMthetho we-108 we-1996) (uMthethosisekelo);

Uphiko Lwezobunhloli Kuzwelonke (NIA) kushiwo Uphiko Lwezobunhloli Kuzwelonke ukusungulwa kwalo kwabekwa uMthetho Wemisebenzi Yezobunhloli wezi-2002 (uMthetho wama-65 wezi-2002);

Uphiko Lwezokushushisa Kuzwelonke (NPA) kushiwo Uphiko Lwezokushushisa Kuzwelonke elasungulwa ngokwesigaba se-179 soMthethosisekelo futhi esihambise ngoMthetho Wophiko Lwezokushushisa Kuzwelonke we-1998 (uMthetho wama-32 we-1998);

UMgcinimafa Kazwelonke kushiwo uMgcinimafa Kazwelonke owasungulwa futhi wahanjiswa ngokoMthetho Wokuphathwa Kwezimali Zikahulumeni we-1999 (uMthetho woku-1 we-1999) (njengoba usuchitshiyelwe);

Uphiko Lwamaphoyisa Olulwa Namacala Abucayi (PCLU) kushiwo Uphiko Lwamaphoyisa Olulwa Namacala Abucayi elasungulwa Ehhovisi le-NDPP futhi laphathwa Umqondisi Okhethekile ngokwesiMemezelo sama-46 somhla zinga-23 kuMeyi 2003 *kuSomqulu Kahulumeni* wezi-24876;

Uphiko Lwesizinda Samagugu aseNingizimu Afrika (SAHRA) kushiwo inhlangano esungulwe ngokwesigaba se-11 soMthetho Wesizinda Samagugu Kuzwelonke we-1999 (uMthetho wama-25 we-1999) ukuxhumanisa ukuhlonzwa nokuphathwa kwezizinda zamagugu kuzwelonke;

Umkhosi Wezokuvikela Kuzwelonke waseNingizimu Afrika (SANDF) kushiwo uMkhosi Wezokuvikela ngamunye owasungulwa ngokwesigaba sama-224(1) soMthethosisekelo waseRiphabhlikhi yaseNingizimu Afrika we-1993 (uMthetho wama-200 we-1993) nosebenza noMthetho Wezokuvikela wezi-2002 (uMthetho wama-42 wezi-2002);

Umsebenzi Wamaphoyisa aseNingizimu Afrika (SAPS) kushiwo umsebenzi wamaphoyisa ngamunye owasungulwa njengoba kushiwo esigabeni se-199(1) soMthethosisekelo. Umsebenzi wamaphoyisa osebenza ngoMthetho Womsebenzi Wamaphoyisa AseNingizimu Afrika we-1995 (uMthetho wama-68 we-1995);

IKhomishane Yamaqiniso Nokubuyisana (TRC) kushiwo iKhomishane eyasungulwa ngokoMthetho Ogqugquzela Ubumbano Kuzwelonke Nokubuyisana we-1995 (uMthetho wama-34 we-1995), ngenhloso

yokuthuthukisa ubumbano kuzwelonke nokubuyisana ngomoya wokuzwana, odlula izingxabano nokuhlukana okwadlula.

2. INHLOSO

2.1 Inhloso yale nqubomgomo ukuqinisekisa ukuthi uhlelo lokumbiwa kwesidumbu mayelana namacala abantu abalahlekile abikwa ku-TRC, kwenziwa ngendlela enokuxhumana nehamba ngokomthetho ngaphakathi kohlaka lomsebenzi wabenzimsebenzi neqoqomthetho elifanele.

2.2 Ukungabi bikho kwenqubomgomo ecacile nekuyiyo ukuqondisa uhlelo lokumbiwa kwesidumbu kudale ukuthi kube nezinkinga nezinselelo eziningi ezidalekile, kufaka:

(a) Ukungaqondakali kahle komsebenzi we-NPA ne-SAPS maqondana:
   (i) nokuphathelene kanye nokuqondisa uphenyo emacaleni abantu abalahlekile kanye nokumbiwa kwezinsalela zezidumbu zabantu abashonile; kanye
   (ii) nasekuqhutshweni kophenyo lwamacala abantu abalahlekile nasekumbiweni kwezinsalela zezidumbu zabantu abashonile.

(b) Ukungabibikho kokucaciseleka mayelana nendima okufanele idlalwe iminyango/nemigwamanda kahulumeni eyahlukeni okudingeka yenze imisebenzi ngezigaba ezithile zohlelo lokumbiwa kwezidumbu.

(c) ukudlulisa umsebenzi okungacacile mayelana nezimali zokuqhuba umsebenzi.

(c) Ukungabibikho kokuxhumana ngemisebenzi yabenzimsebenzi okudala izingqinamba ekwenzeni nasekuhleleni ukwenza umsebenzi

2.3 UNgqongqoshe Wezobulungiswa Nokuthuthukiswa Komthethosisekelo (uNgqongqoshe) njengenhloko yezepolitiki yoMnyango unikezwe umsebenzi wokuqapha ukuthi izincomo ze-TRC ziyenziwa bese ebika njalo kuKhabhinethi nasePhalamende bese ezibekela uhlelo lokuthuthukisa inqubomgomo okuyiyo necacile ukuze iqondise uhlelo.

2.4 Ngaphansi kokuqondiswa uNgqongqoshe imihlangano emininingi yokuxhumana yabanjwa u-DoJ no-CD nabasebenza nabo. Le nqubomgomo ingumphumela walolu hlelo.

3. ISENDLALELO

3.1 Ngokwesigaba sesi-4(f), (g) no-(h) soMthetho Wokuthuthukisa Ubumbano Nokubuyisana we-1995 (uMthetho wama-34 we-1995) i-TRC yayinikwe umsebenzi wokuthi yenze izincomo kuMongameli. Zingama-21 kuMashi 2003 i-TRC yanikeza uMongameli umbiko wesikhashana owengeziwe yase iphetha izinhlelo zayo ezithile. Ziyi-15 ku-Ephreli 2003 uMongameli Ekuhlaleni kwePhalamende okuhlanganyelwe wabeka lo mbiko waba semthethweni waqala ngokuthi uMnyango Wezokulungiswa Nokuthuthukisa Komthethosisekelo (u-DoJ ne-CD) bazoqapha ukwenziwa kwalezi zinhlelo bese bebika kuKhabhinethi ngenqubekela phambili.

3.2 UMongameli naye ukubekile ukuthi i-NDPP neminyango efanele bazocela ukuthi babhekane nezindaba eziphathelene nabantu abangazange babhekeleke, *imininingwane yokuhlolwa kwesidumbu* kanye nenqubomgomo maqondana nokungcwatshwa kwabantu ezingakhonjwanga izidumbu zabo.

3.3 Mhla zingama-23 kuMeyi 2003 uMqondisi Okhethekile waqokwa ngokuMemezela kunhloko ye-PCLU ukuze aphathe futhi aqondise uphenyo nokushushisa ngamacala enziwa ebantwini, ukubulawa komndeni wonke nezimpi zobugebengu njengoba kuvezwe ekwenziweni kwe-Rome Statute soMthetho Wenkantolo Yobugebengu Yamazwe Omhlaba wezi-2002 (uMthetho wama-27 wezi-2002) kanye nobugebengu obukhulu kuzwelonke nasemazweni omhlaba okufaka izimpi zepolitiki nokucekela phansi, ukuvukela umbuso namacala enziwa amavukela mbuso asemazweni angaphandle noma obunye ubugebengu obuhlelwe yi-NDPP.

3.4 NgokweNqubomgomo Yezokushushisa ye-NPA (njengoba isichitshiyelwe), yi-PCLU kufanele ibe nomsebenzi wokuqapha uphenyo nokuthi ishushise izigebengu maqondana nobugebengu obaqala ngezingxabano zakudala. I-PCLU kufanele isizwe ekwenzeni umsebenzi wayo ngumsebenzi onesikhundla esiphezulu wale minyango kahulumeni elandelayo:

(a) I-NIA

(b) Ingxenye Yabaseshi ye-SAPS

(c) U-DoJ ne-CD

3.5 I-PCLU iqale umsebenzi wayo maqondana namacala abantu abalahlekile ekupheleni konyaka wezi-2004. Ukuthola izindawo ababengcwabe kuzo abantu abalahlekile nokuthi bathole imvume efanele ku-SAHRA, kwambiwa nezinsalela zezidumbu zabantu abalahlekile. Ngemuva kwalokho kwahlolwa izinsalela, ne-DNA yahlolwa abafunda amathambo basekhaya nabamazwe omhlaba nabafunda amasiko ngezinsalela ukukhomba izinsalela ukuthi ezobani. Okwalandela lolu hlelo ukuthi kudluliselwe izinsalela zezidumbu emindenini yazo ukuze bazingcwabe kabusha.

4. IMIGOMO YENQUBOMGOMO

Imigomo yenqubomgomo -

(a) ukuhlinzeka ngakho konke kanye nohlaka lokuthi uhlelo lokumbiwa kwezidumbu kufanele lwenziwe;

(b) ukukhomba abenzimsebenzi abozokumba izidumbu futhi kucaciswe umsebenzi ukuqinisekisa ukuthi abenzimsebenzi benza umsebenzi okufanele bawenze;

(c) ukuxhumanisa izinto okufanele zenziwe nemisebenzi yabo bonke abenzimsebenzi;

(d) ukuhlinzeka ukuze kusungulwe iKomidi Elibhekele Ukumbiwa Kwezidumbu, elakhiwe abenzimsebenzi abaphambili ukuze baxhumanise uhlelo lokumbiwa kwezidumbu;

(e) ukuqinisekisa ukuthi imigomo yamagugu enesisindo iyathuthukiswa, ngezindlela ezahlukene yezikhumbuzo zezinsalela zezidumbu ezimbiwe;

(f) ukuqinisekisa ukuthi izinsalela zigcinwe ngesizotha nangesithunzi ngesikhathi kuqhubeka uhlelo lokumbiwa kwezidumbu ngokuhambisana nemihlahlandlela elungile yamazwe omhlaba.

(g) ukuqinisekisa ukuthi imindeni ethintekayo kuyaxhunywana nayo kuze kuphele ukumbiwa kwezidumbu;

(h) ukugqugquzela ukuthi imindeni ethintekayo kudlulise okwenzekile futhi ivale le ndima ngokudluliswa ngendlela kwezinsalela zezidumbu nangolunye usizo oludalulwe yiKomidi Elibhekele Ukumbiwa Kwezidumbu;

(i) ukuqinisekisa ukuthi uhlelo lokumbiwa kwezidumbu kanye nokukhonjwa kwezinsalela nakho ukumbiwa kwezidumbu kuhambisana nezenzo okuyizo zamazwe omhlaba neqoqomithetho elifanele; kanye

(j) nokulawulwa kwezindleko maqondana nokumbiwa kwezidumbu

5. UBUNGAKO BENDAWO YOKWENZA UMSEBENZI

5.1 Inqubomgomo ifaka uhlelo lokumbiwa kwezidumbu maqondana nezinsalela zabantu abalahlekile noma abadukile amacala abo abikwa ku-TRC kodwa agcina engaxazululiwe.

5.2 I-TRC ihlukanise la macala abantu abalahlekile izingxenye ezinhlanu. Ngokwenhloso yale nqubomgomo, lawa amane alandelayo ayahambisana:

(a) Ukulahleka okuphoqiwe.
(b) Ukulahleka ekudingisweni.
(c) Ukulahleka ngezikhathi zodlame.
(d) Amacala engaziwa imbangela yawo.

6. UHLELO LOKUMBIWA KWESIDUMBU

Uhlelo lokumbiwa kwesidumbu linalezi zimo ezinkulu ezilandelayo:

(a) Uphenyo ngezimo ezihambisana nokungabonakali komuntu olahlekile.
(b) Ukutholakala kwendawo esangcwatshwa kuyo.
(c) Amalungiselelo angaphambi kokumba.
(d) Ukumbiwa kwesidumbu uqobo lwaso.
(e) Ukuhlukaniswa kwezinsalela zesidumbu nokuhlola izinsalela zezidumbu.
(f) Ukudluliselwa kwezinsalela zesidumbu emindenini yazo.
(g) Ukungcwatshwa kabusha kwezinsalela zesidumbu yimindeni yazo.
(h) Ukwenziwa kwamatshe ezikhumbuzo ezindaweni zokungcwaba ezindala nezintsha nokugcinwa kwazo.
(i) Ukudluliselwa kwamacala ekomidini elishushisayo ukuze lithathe izinqumo maqondana nokushushisa.

7. UKUKHONJWA KWABENZIMSEBENZI

7.1 Abenzimsebenzi abakhonjiwe nababhalwe kule nqubomgomo akusho ukuthi yibona kuphela okufanele benze umsebenzi, njegoba olunye usizo lwabanye abenzimsebenzi lungacelwa uma kunesidingo.

7.2 **IKomidi Elibhekele Ukumbiwa Kwezidumbu zabantu abalahlekile**

7.2.1 IKomidi Elibhekele Ukumbiwa Kwezidumbu zabantu abalahlekile kufanele lixhase liphinde lisize abenzimsebenzi okwesikhashana ekuqhubekeni nokwenza umsebenzi wabo.

7.2.2 IKomodi Elibhekele Ukumbiwa Kwezidumbu zabantu abalahlekile (IKomidi) kufanele libe nalaba benzimsebenzi abalandelayo:

(a) U-DoJ no-CD.

(b) I-PCLU yo-NPA.

(c) I-SAPS.

(d) UMnyango Wezobuciko Namasiko.

(e) I-SAHRA.

(f) I-Trust Yamapaki Enkululeko.

7.2.3 Usihlalo weKomidi kufanele kube u-DoJ no-CD njengoba umnyango unikezwe umsebenzi wokuqapha nokwenza izincomo ze-TRC bese bebika kuKhabhinethi nasePhalamende ngokuqhubekayo.

7.2.4 Imisebenzi yekomidi ukuthi -

(a) lixhumanise, liqaphe futhi lixhase imisebenzi eyenziwa ngesikhathi kuqhubeka uhlelo lokumba izidumbu;

(b) babize njalo imihlangano yamalungu Ekomidi, kanye nemihlangano ephakathi kwamalungu ekomidi nabenzimsebenzi owengeziwe wokumbiwa kwezidumbu, ngenhloso -

(i) yokugqugquzela ingxoxo phakathi kwabenza umsebenzi abahlukene;

(ii) ukuhlinzeka ngendawo yokuxoxa ngezinkinga futhi zixazululwe.

(c) ukungenelela lapho kunesidingo khona ukuqinisekisa ukuthi izinqubo nemisebenzi ebekiwe kuhanjiswana nayo;

(d) ukukhomba izindawo ezinezinkinga bese benikeza izixazululo njalo nje ukuze kuqinisekiswe ukusebenza okuyikho kohlelo;

(e) ukuqapha ukwenziweni kwezixazululo ezibekiwe;

(f) ukuthatha izinqumo maqondana nezikhalazo;

(g) ukuthola umbiko wenqubekela phambili kubenzimsebenzi;

(h) ukuhlanganisa isicelo esiya kuNgqongqoshe Wezobulungiswa Nokuthuthukiswa Komthethosisekelo (uNgqongqoshe) ngenhloso yokuthola isiqondiso maqondana namacala ayizinkinga/nanokuzwela;

(i) ukubika njalo kuNgqongqoshe maqondana nokulandelwa kwenqubomgomo; futhi

(j) ukubika kuNgqongqoshe ngesicelo sakhe ngezindaba eziphathelene nokumbiwa kwesidumbu.

7.3 Abenzimsebenzi abangeziwe

7.3.1 Abenzimsebenzi abangeziwe bangenza umsebenzi onesidingo ngokwezingxenye ezahlukene zokumbiwa kwesidumbu.

7.3.2 Abenzimsebenzi abangeziwe bawu -

(a) UMnyango Wezokuthuthukiswa Komphakathi.

(b) UMnyango Wezindaba Zasekhaya.

(c) UMnyango Wezempilo.

(d) Umgcinimafa Kazwelonke.

(e) I-NIA.

(f) UMnyango Wezindaba zangaphandle (emacaleni lapho umuntu oshonile angcwatshwa kwelinye izwe).

(g) I-SANDF.

8. IZINDAWO ZOKWENZA UMSEBENZI ZABENZI BOMSEBENZI

8.1 Ubudlelwane phakathi kwabenzimsebenzi kufanele kube obunye obuyimpumelelo nobunokusebenzisana okusondelene nokuhloniphana ngemisebenzi enomahluko ocacile nesebenza ngokuzimela emkhakheni womsebenzi ngamunye.

8.2 Umenzimsebenzi ngamunye kufanele athule umbiko wenqubekela phambili maqondana nezindawo zakhe zokwenza umsebenzi kuSihlalo weKomidi Elibhekele Ukumbiwa Kwezidumbu ngesikhathi esimisiwe njengoba kunquma Ikomidi.

8.3 U-**DoJ** ne-**CD** kufanele:-

(a) baqinisekise ukuthi izibonelelo ngohlobo loxhasomali kumuntu ngamunye olukhokhwa kanye kuphela luyakhokhwa liphuma eSikhwameni Sikamongameli ukukhokhela imindeni efanele;

(b) baxhumane nemindeni yabantu abalahlekile;

(c) baqaphe inqubekela phambili ekwenziweni kwenqubomgomo bese bebika kuNgqongqoshe, kanti futhi

(d) benze umbiko weminyaka yonke ngoNgqongqoshe ukuya kuKhabhinethi nasePhalamende ekwenziweni kwezincomo ze-TRC.

8.4 I-**PCLU** ye-**NPA** kufanele iphathe iphinde iqondise uphenyo emacaleni abantu abalahlekile nesikhungo sokushushisa, lapho kufanele khona ngokwenqubomgomo yezokushushisa .

8.5 I-**SAPS** -

(a) ngaphansi kokuphathwa nokuqondiswa yi-PCLU kufanele -
  (i) yenze uphenyo ngamacala abantu abalahlekile;
  (ii) iqinisekise ukuthi izidumbu zimbiwe ochwepheshe abasemthethweni;
  (iii) igqugquzele ukuhlolwa kwezidumbu okusemthethweni nokukhonjwa kwezinsalela zezidumbu ngochwepheshe abafanele;

(b) ngokukhonjwa okulandelayo nokuphethwa kokuhlolwa kwezidumbu ngenhloso yokuthola ukuthi akuhlangene nobugebengu, kulungiswe izinsalela zezidumbu ukuze zidluliselwe kuMnyango Wezobuciko Namasiko;

(c) axhumane noMnyango Wezobuciko Namasiko ukugqugquzela ukudluliselwa kwezinsalela zezidumbu emindenini ukuze zingcwatshwe kabusha;

(d) agqugquzele ukukhishwa kwezitifiketi zokufa nguMnyango Wezindaba Zasekhaya;

(e) lapho uphenyo luveza khona ukuthi abantu abalahlekile bangcwatshwa emazweni angaphandle kufanele kulandelwe ukwenziwa komsebenzi kusetshenziswana ne-NPA, uMnyango Wezindaba Zangaphandle kanye no-SAHRA; futhi

(f) aqinisekise ukuthi bonke abenza umsebenzi wohlelo lokumbiwa kwezidumbu bayalihlonipha iqoqomithetho, izinkambiso ezilungile zomsebenzi nezinqubo zamazwe omhlaba ezilungile lezo ezisebenzayo ekuphatheni, ekumbeni izidumbu nasekukhonjweni kwezinsalela zezidumbu.

8.6 **UMnyango Wezobuciko Namasiko** kufanele ulungise futhi udlulise izinsalela zesidumbu emindenini, okufaka nokugqugquzela ukuhlinzekwa kwezimoto ezizothwala izidumbu.

8.7 **I-SAHRA** kufanele -

(a) ithole izicelo zokumbiwa kwezidumbu bese iziphasisa;
(b) inikezele ngezimvume zokumbiwa kwezidumbu ngokomsebenzi ezinikezwe wona;
(c) ihlole izindawo lapho kuzombiwa khona izidumbu ngenhloso yokwenza amatshe esikhumbuzo, ngokuxhumana ne-Trust Yamapaki Enkululeko;
(d) icabange ukubeka uphawu lwesikhumbuzo kuwona womabili amangcwaba, amasha namadala ngokuxhumana ne-Trust Yamapaki Enkululeko;
(e) igcine izindawo zokungcwaba; kanti futhi
(f) uma kumbiwa abantu abalahlekile kwamanye amazwe, i-SAHRA kufanele ilandele okufanele ikwenze isebenzisana ne-NPA, uMnyango Wezindaba Zangaphandle ne-SAPS.

8.8 I-**Trust Yamapaki Enkululeko** kufanele -

(a) ihlole indawo lapho kuzombiwa khona izidumbu ngenhloso yokufaka amatshe esikhumbuzo, ngokuxhumana ne-SAHRA;
(b) ihlinzeke ngendawo efanele yokudlulisela izinsalela zezidumbu emndenini yazo;
(c) igqugquzele umcimbi wokudlulisela izidumbu emindenini yazo ngendlela enesizotha;
(d) icabange ukubeka uphawu lwesikhumbuzo kuwona womabili amangcwaba, amasha namadala ngokuxhumana ne-SAHRA;

(e) iqinisekise ukuthi umuntu olahlekile uyakhunjulwa ngokuhambisana nomsebenzi onikezwe i-Trust Yamapaki Enkululeko, lapho kufanele khona;

(f) isize uMnyango Wezokuthuthukiswa Komphakathi ngokuhlinzeka ukululekwa komndeni oshonelwe ngesikhathi kuqhubeka ukumbiwa kwezinsalela zezidumbu zabashonile; futhi

(g) baphinde benze izincomo maqondana nokugcina izinto ezenziwe ngobungcweti/izinto ezitholakala ngesikhathi kumbiwa izidumbu zabashonile.

8.9 **UMnyango Wezokuthuthukiswa Komphakathi** -

(a) ungahlinzeka ngomsebenzi wokweluleka emndenini oshonelwe ngesikhathi kuqhubeka ukumbiwa izinsalela zezidumbu zabantu abalahlekile;

(b) ungahlinzeka nanganoma iyiphi imivuzo ephathelene nenhlalonhle yabantu abangaphansi kwalezi zimo; futhi

(c) ungahlinzeka ngoxhaso nangokwalulekwa emuva kwesehlakalo esithusayo emndenini oshonelwe ukuqinisekisa ukuthi uyadlula kulesi simo.

8.10 **UMnyango Wezindaba Zasekhaya** –

(a) ungasiza ngesikhathi kwenziwa uphenyo maqondana e.g. nokuthola ukuthi wahamba kanjani lowo muntu ekhaya nangokuhlinzeka ngezithombe zikamazisi; nokuthi

(b) ukhiphe isitifiketi sokufa ukuze kumbiwe izinsalela zesidumbu lapho kuvezwa khona umazisi okuyiwo.

8.11 **UMnyango Wezempilo** -

(a) ungathumela umsebenzi obhekele impilo yemvelo ukuthi ahambele inqubo yokumbiwa kwezidumbu, uma kunesidingo; kanti futhi

(b) ungahlinzeka ngomsebenzi nangamathuba adingekayo maqondana nokumbiwa kwezinsalela zezidumbu zabantu abashonile, uma kunesidingo.

8.12 Umphathizimali Kazwelonke angathola aphinde aphasise isicelo sezinzuzo Zempesheni Ekhethekile kumuntu obeshade nomufi noma uma engekho umuntu obeshade nomufi abantwana abazalwa umufi ongatholakali; ngesimo sokuthi lezi zinzuzo zizokhokhwa kuphela uma umuntu enelungelo ngokoMthetho Wezimpesheni Ezikhethekile we-1996 (uMthetho wama-69 we-1996).

8.13 I-**NIA** inganikeza i-PCLU kanye ne-SAPS imvume yokuthi bathole umbhalo ongabasiza ophenyweni lamacala abantu abalahlekile.

8.14 **UMnyango Wezindaba Zangaphandle** ungangenelela emacaleni lapho kutholakala khona ukuthi abantu kufanele bayombiwa emazweni angaphandle kwaseNingizimu Afrika.

8.15 I-**SANDF** ingahlinzeka ngosizo oludingekayo kanye nangeminye imisebenzi emacaleni afanele, i.e. lapho kudingeka kungcwabe umkhosi wezokuphepha khona.

9. UXHASO

Zonke izinto noma imisebenzi ingaxhaswa ngemali ephuma kusabelomali sokwenza umsebenzi ofanele.

ISAZISO JIKELELE

ISAZISO 311 SONYAKA WEZI-2009

UMNYANGO WEZOBULUNGISWA NOKUTHUTHUKISWA KOMTHETHOSISEKELO

UMTHETHO WOKUTHUTHUKISA UBUMBANO KUZWELONKE NOKUBUYISANA WE-1995: UMTHETHONQUBO WOKUMBIWA KWEZIDUMBU, UKUNGCWABA KABUSHA NOMA YIZINGAMNGCWABO ZABANTU ABASHONILE

1. ISIMEMO SOKUFAKA IMIBONO NGOMTHETHONQUBO OPHAKANYISIWE WOKUMBIWA KWEZIDUMBU ZABANTU, UKUNGCWATSHWA KABUSHA KANYE NEZINGAMNGCWABO ZABANTU ABASHONILE NGOKOMTHETHO WOKUTHUTHUKISA UBUMBANO KUZWELONKE NOKUBUYISANA WE-1995

1.1 Abantu abanothando bayecelwa ukuthi bafake imibono yabo ebhaliwe phansi kuMqondisi Jikelele: Wezobulungiswa Nokuthuthukiswa Komthethosisekelo ngaphambi koLwesihlanu noma ngoMsombuluko mhla zingu-23 kuMashi 2009, imibono ngeMithethonqubo ephakanyisiwe emiswe Kusengezo. Imibono kufanele ibhalwe ukuthi iya ku-Dkt MJ Seekoe, uMqondisi Omkhulu: Wengxenye ye-TRC; kanti futhi –

(a) Uma ithunyelwe ngeposi, ingathunyelwa–

KuMqondisi Jikelele: Wezobulungiswa Nokuthuthukiswa Komthethosisekelo

Private Bag X81

PRETORIA

0001

(b) Uma ithunyelwa ngesandla, ingahanjiswa –

e-Momentum Building, Room 1439, East Tower

c/o Pretorius Street and Prinsloo Street
PRETORIA

(c) Uma ifekisiwe, ingafekiselwa ku-012 - 357 8570.

(d) Uma ithunyelwa nge-e-meyili, ithunyelwa ku-inbotha@justice.gov.za / mseekoe@justice.gov.za.

2. ULWAZI OLUYISENDLALELO

Ulwazi oluyisendlalelo olulandelayo lufakiwe ukuze lusize abantu abanothando lokufaka imibono ngenqubomgomo ephakanyisiwe.

UMthetho Wokuthuthukisa Ubumbano Kuzwelonke Nokubuyisana we-1995 (uMthetho wama-34 we-1995) loMthetho wasungulwa yiKhomishane Yamaqiniso Nokubuyisana, LoMthetho unikeze i-TRC umsebenzi wokuthi yenze izincomo kuMongameli maqondana nenqubomgomo okufanele ilandelwe noma izinyathelo okufanele zithathwe maqondana nokuhlawulwa kwabantu abahlukumezekile noma kuthathwe ezinye izinyathelo ezihlose ukuhlunyeleliswa kanye nokubuyiselwa kwesithunzi sabantu nesomphakathi ohlukumezekile. I-TRC yawuqeda umsebenzi wayo ngemuva kwalokho yase ihlakazwa ngoMashi 2002.

Ngokuhambisana nesigaba sama-27 soMthetho iKomiti Elididiyele lasungulwa ukuze libheke izincomo ze-TRC mayelana nokukhokhelwa kwabahlukumezekile. Isinqumo seKomiti Elididiyele saphasiswa yiPhalamende. Izinqumo zeKomiti Elididiyele kubhekwane nazo ngaphansi kwalezi zihloko ezine ezilandelayo: Izimpawu namatshe ezikhumbuzo; ukuhlunyeleliswa komphakathi; izinzuzo zokwelapha kanye nezinye izinhlobo zokusiza abantu; okokugcina ukuhlawulwa kwabantu. Ngokwesigaba sama-27 soMthetho, lezi zinqumo kufanele zenziwe uMongameli ngokuthi enze umthethonqubo. Wonke amanani akhokhelwe abahlukumezekile kufanele

ahlinzekelwe kumthethonqubo futhi kufanele akhokhelwe yiSikhwama sikaMongameli esasungulwa ngokoMthetho.

Imithethonqubo efakiwe iwela ngaphansi kwelungelo lezinzuzo zokwelapha kanye nakwezinye izinhlobo zosizo lwezenhlalakahle yabantu, ngesikhathi isebenza njengezimpawu zokuhlawula, i.e. izimpawu namtshe ezikhumbuzo. Inhloso yale Mithethonqubo ukusiza imindeni yabantu abalahleka nabafa njengomphumela wezingxabano zakudala futhi ababikwa kwi-TRC njengabantu abangaze balungiselewe. Le mindeni izokwazi ukuhambela inqubo yokumbiwa kwezidumbu futhi bazothola usizo ngemali yokungcwaba kabusha izinsalela zezidumbu zalabo bantu uma batholakala ngokophenyo. Uphenyo olwenziwe Yithimba Eliphenya Ngabantu Abalahlekile Ophikweni Lwezokushushisa Lukazwelonke (NPA) seliholele ekutholakaleni kwezinsalela zabantu abaningi abalahlekile.

Kuyakholakala ukuthi isithunzi sabahlukumezekile sizobuya nokwelashwa kuzoqhubekela phambili ngosizo olunikezwe amalunga omndeni wabantu abahlukumezeka njengoba ivezwe kulo Mthethonqubo.

U-DKT MJ SEEKOE
UMQONDISI OMKHULU: WENGXENYE YE-TRC
UMNYANGO WEZOBULUNGISWA NOKUTHUTHUKUSWA KOMTHETHOSISEKELO

ISENGEZO

ISAZISO SIKAHULUMENI

UMNYANGO WEZOBULUNGISWA NOKUTHUTHUKISWA KOMTHETHOSISEKELO

Namba R. **2008**

UMTHETHO WOKUTHUTHUKISA UBUMBANO KUZWELONKE NOKUBUYISANA WE-1995

UMTHETHONQUBO WOKUMBIWA KWESIDUMBU, UKUNGCWABA KABUSHA NOMA ISINGAMNGCWABO WOMUNTU OSHONILE

Umongameli ngaphansi kwesigaba sama-27(2) soMthetho Wokuthuthukisa Ubumbano Kuzwelonke Nokubuyisana we-1995 (uMthetho wama-34 we-1995) futhi nezinqubo ezimisiwe esigabeni sezi-4(f)(i) esama-27(1) kanye nesesi-(2) soMthetho obekiwe ngokuhambisana noMthethonqubo kuSheduli.

ISHEDULI

Izincazelo

1. Kule Mithethonqubo noma yiliphi igama noma umshwana unomyalezo owushoyo ngaphandle uma indlela osebenze ngayo isho okunye-

"Usizo" kushiwo usizo oluhlinzekwe kumthethonqubo wesi-3 ufundwa nomthethonqubo wesi-4, 5 kanye nowesi-6 weMithethonqubo;

"Umgcini Ma-Akhawunti" kushiwo umsebenzi oqokwe nguNgqongqoshe ngaphansi kwesigaba sama-42(6) soMthetho;

"Umufi" kushiwo umuntu owabikwa kuKhomishana njengonyamalele noma olahlekile futhi ngokolwazi olugcinwe uphiko lwezokushusisa olwatholakala ngesikhathi kuphenywa ngokunyamalala kwakhe, ukuthi washona esikhathini esiphakathi komhla lulu-1 kuMashi 1960 kuya mhla ziyi-10 kuMeyi 1994 ngenxa

yokulimala okwenzeka njengoba kubhekiswe encazelweni "yomuntu ohlukumezekile" esigabeni soku-1 soMthetho.

"uMnyango" kushiwo uMnyango Wezobulungiswa Nokuthuthukiswa Komthethosisekelo;

"Isikhwama" kushiwo isikhwama esasungulwa ngaphansi kwesigaba sama-42(1) soMthetho;

"Umsingathi Sikhwama" kushiwo umsebenzi obekwe nguNgqongqoshe ngaphansi kwesigaba sama-42(5) soMthetho;

"Umuntu olahlekile" kushiwo umuntu owabikwa kuKhomishana njengonyamalele noma olahlekile kanye nomuntu okucatshengelwa ukuthi wanyamalala noma walahleka kusuka mhla lulu-1 kuMashi 1960 kuya mhla ziyi-10 kuMeyi 1994 ngenxa yezingxabano zakudala;

"uphiko lwezokushushisa" kushiwo Uphiko Lwezokushushisa Lukazwelonke olwasungulwa ngokwesigaba se-179 soMthethosisekelo WeRiphabhliki yaseNingizimu Afrika we-1996, njengoba kwanqunywa kuMthetho Wophiko Lwezokushushisa Kazwelonke we-1998 (uMthetho wama-32 we-1998);

"Ukungcwaba kabusha" kushiwo ukugcwatshwa kwezinsalela noma amathambo esidumbu somuntu owashona ebesikade sigujiwe;

"Umamukeli" kushiwo umuntu onikwe isikhundla umfakisicelo ngenhloso yemithethonqubo wesi-4, wesi-5 nowesi-6 yale mithethonqubo ngemuva kokuxhumana nezinye izihlobo zomuntu olahlekile noma oshonile;

"isihlobo somuntu olahlekile noma oshonile" kushiwo-

(a) umzali noma umuntu onelungelo lokuba ngumzali womuntu olahlekile noma oshonile;

(b) umuntu owayeshade nomuntu olahlekile noma oshonile ngaphansi kwanoma yiluphi usiko noma inkolo noma ngokomthetho wakho noma womndeni;

(c) ingane yomuntu olahlekile noma oshonile, noma ngabe leyo ngane izalwe emshadweni noma ngaphandle komshado noma leyo ngane i-adophthiwe;

(d) umuntu okufanele ondliwe umuntu olahlekile noma oshonile ngokomthetho wabantu bonke, umthetho ophathelene namasiko noma ngokweqoqomithetho; noma

(e) umuntu oyisihlobo segazi somuntu olahlekile noma oshonile;

"umfakisicelo" kushiwo isihlobo somuntu olahlekile noma oshonile esicela usizo ngokomthethonqubo wesi-7 ngemuva kokuthi bevumelene namanye amalungu omndeni womuntu obelahlekile noma oshonile;

"ifomu lokufaka isicelo" kushiwo ifomu okubhekiswe kulo ngokomthethonqubo wesi-7;

"isingamngcwabo" kushiwo umcimbi lapho kuhlonishwa khona umphefumulo womuntu oshonile kodwa isidumbu sakhe noma izinsalela zesidumbu sakhe ezingatholakali;

"uMthetho" kushiwo uMthetho Wokuthuthukisa Ubumbano Kuzwelonke Nokubuyisana we-1995 (uMthetho wama-34 we-1995).

Iziphathimandla ezibhekele ukuthi Imithethonqubo iyagcinwa

2. (1) Umgcini Ma-Akhawunti ubheka ukuthi imithethonqubo iyasebenza.

(2) Umsingathi Sikhwama enyangeni eyodwa emuva kokuthi imithethonqubo iqalile ukusebenza, kufanele anikeze Umgcini Ma-Akhawunti ukuthi aphasise izindlela zokusingatha ezizoqinisekisa ukuthi izimali zisebenza kahle maqondana nenkokhelo yosizo.

Izinhlobo zosizo

3. (1) (a) Isihlobo somuntu olahlekile singacela usizo njengoba kubekiwe kumthethonqutshwana wesi-(2)(a) no (b).

(b) Isihlobo somuntu oshonile singacela usizo njengoba kubekiwe kumthethonqutshwana wesi-(2)(c).

(2) Usizo olunikezwe kumthethonqutshwana woku-(1) -

(a) lungaba ngokwezibonelelo ezikhonjiswe kumthethonqubo wesi-4 nowesi-5 njengomnikelo ezindlekweni zokuhamba kanye nezokudla ezenzeke ngesikhathi ehambela inqubo yokumbiwa kwezinsalela zesidumbu somuntu olahlekile;

(b) lungaba uhlobo losizo lwemali noma lomthetho ngenhloso yokufaka isicelo Enkantolo Enkulu ukuze kuqinisekiswe ukuthi umuntu olahlekile ushonile njengoba kushiwo kumthethonqubo wesi-6;

(c) uxhaso olukhokhwa kanye kuphela-

(i) kukhokhwa izi-R17 000,00 umngcwabo ngamunye njengomnokelo wokuhlangabezana nezindleko ezezenzeka maqondana nokungcwatshwa kabusha kwesidumbu; noma

(ii) kukhokhwa izi-R8 500,00 kusingamngcwabo ngasinye njengomnikelo wezindleko ezenzeka maqondana nesingamngcwabo womuntu oshonile.

(3) Isihlobo somuntu oshonile-

(a) esingcwabe kabusha umufi ngaphambi kokuthi lo Mthethonqubo uqale ukusebenza; futhi

(b) nesingalitholanga usizo olubhalwe kumthethonqutshwana wesi-(2)(c)(i), singacela usizo olubhalwe kumthethonqutshwana.

Izibonelelo zezokuthutha nezokuhamba uma kumbiwa isidumbu somuntu

4. (1) Umfakisicelo nabantu abangeqile kwabathathu ngokwesikhwama angasebenzisa imoto yakhe noma izithuthi zomphakathi ezibhalwe kumthethonqutshwana wesi-(2), (3) nowe-(4) ukuze akwazi ukuhambela inqubo yokumbiwa kwesidumbu maqondana nomuntu odukile.

(2) Umfakisicelo nomamukeli ngamunye unelungelo lokuthola lezi zibonelelo ezilandelayo:

(a) Uma besebenzisa imoto yabo bazokhokhelwa u-R3,00 ikhilomitha ngalinye elizobalwa ngebanga elifushane; noma

(b) uma besebenzise izithuthi zomphakathi bazokhokhelwa inani elibiza kakhulu ebangeni elifushane.

(3) Umfakisicelo nomamukeli bangasebenzisa ibhanoyi kuphela uma uMsingathi Sikhwama -

(a) eneliseka ukuthi bavumelekile ukuthi balisebenzise; futhi

(b) uma kuphasisiwe ngokubhalwe phansi ngaphambi kohambo.

(4) Uma sekufakwe ubufakazi obenelisayo, umfakisicelo nomamukeli banelungelo lokukhokhelwa ngezindleko noma yiziphi ezenzeke lapho bemise khona imoto noma behamba emgwaqeni.

(5) (a) Umfakisicelo nabamukeli abangeqile kwabathathu banelungelo lokukhokhelwa izibonelelo ngezindleko zokuhamba nezemoto

ngokwenani elimiswe kumthethonqutshwana wesi-(2), (3) nowe-(4) ngenhloso yokuqhuba izinqubo zokumbiwa kwesidumbu somuntu olahlekile uma-

(i) uphiko lwezokushushiswa ludinga kuqhutshekwe nezinye izinqubo nokumbiwa kwesidumbu, futhi

(ii) noMsingathi Sikhwama eneliseka ukuthi izindleko zokuhamba nezemoto zivumelekile.

(b) Umthethonqubo wesi-7 kuya kowe-13 weMithethonqubo kufanele isebenze nezinguquko ezifanele maqondana nesicelo sezibonelelo zezindleko zokuhamba nezemoto maqondana nezinye izinqubo zokumbiwa kwesidumbu.

Isibonelelo semali yokudla mayelana nokumbiwa kwesidumbu

5. (1) Umfakisicelo nabamukeli abangeqile kwabathathu ngamunye unelungelo lalezi zibonelelo zezindleko zokudla ezilandelayo, ngenhloso yokuthi bahambele inqubo yokumbiwa kwesidumbu somuntu olahlekile:

(a) Inani lemali engama- R800,00 esikhathini esingamahora angama-24 ehambile ekhaya lakhe, uma uMsingathi Sikhwama ekuvuma futhi kunesidingo sokuthi athole indawo yokulala kuze kufike emahoreri angama-72 engekho ekhaya; noma

(b) Inani lemali engama- R250,00 esikhathini esingamahora angama-24 ehambile ekhaya lakhe uma singekho isidingo sokuthi akhokhele indawo yokulala kuze kufike emahoreni angama-72 engekho ekhaya; kanye

(c) nemali elinganiselwa ema-R60,00 yokugada izimo eziphuthumayo esikhathini esingamahora angama-24 noma ingxenye yalesi sikhathi engekho ekhaya uma uMsingathi Sikhwama eneliseka ukuthi lezi zindleko zinesidingo.

(2) Isibonelelo esihlinzekelwe kumthethonqutshwana (1)(a) no-(b) kufanele sisetshenziswe ukukhokhela indawo yokulala nakho konke okudliwayo.

(3) (a) Umfakisicelo nabemukeli abangeqile kwabathathu banelungelo lokuthola izibonelelo zenani elibekiwe kodwa lokho kuncike ezimweni ezimiswe kumthethonqutshwana woku-(1) nowesi-(2) ngenhloso yokuqhuba inqubo yokumbiwa kwesidumbu maqondana nabantu abalahlekile uma-

(i) uphiko lwezokushushisa ludinga ukuqhubeka nokumbiwa kwesidumbu; kanti futhi

(ii) noMsingathi Sikhwama enelisekile ukuthi imali eyisibonelelo sezindleko zokudla ivumelekile.

(b) Umthethonqubo wesi-7 ukuya kowe-13 kuMthethonqubo kufanele usebenze nezinguquko ezifanele maqondana nesicelo semali eyisibonelelo sezindleko zokudla maqondana nenqubo yokuqhubeka nokumbiwa kwesidumbu.

Usizo maqondana nezicelo zemiyalo yabantu abalahlekile okucatshangwa ukuthi bashonile

6. (1) UMsingathi Sikhwama maqondana nesicelo sosizo esivezwe kumthethonqubo wesi-3(2)(b) kufanele athathe isinqumo efomini lokucela usizo ngokuthi abheke lezi zinto ezilandelayo:

(a) ubunzima becala;

(b) kangangokuthi kudingeka ukuthi uhulumeni anikezele ngosizo lwabameli njengoba kuchazwe esigabeni sama-239 soMthethosisekelo waseRiphabhliki yaseNingizimu Afrika we-1996;

(c) ukuzoba nokushayisana kwezinto ezifunwa ngabantu;

(d) amanani okubiza kosizo ngezomthetho uma abameli bangaphandle bengaziswanga kuqala;

(e) kanye nezinye izinto ezihambisana nalokho.

(2) UMsingathi Sikhwama ngaphambi kokuthatha isinqumo sokuthi ummeli kahulumeni angasiza umfakisicelo, kufanele athole imvume yommeli kahulumeni ozomela umfakisicelo.

(3) UMsingathi Sikhwama uma kuzohlinzekwa ngosizo lwezimali kufanele anqume ngenani eliphelele lale nhloso ngokuqaphela imali njengoba kuvunyelwana ngayo isikhathi nesikhathi phakathi

Kwabameli Bakahulumeni, abaqashwe ngaphansi kwesigaba sesi-2 soMthetho Wabameli Bakahulumeni we-1957 (uMthetho wama-56 we-1957) kanye noMkhandlu Jikelele Wabameli baseNingizimu Afrika.

Ukucela usizo

7. (1) Isicelo sokuthola usizo njengoba sihlinzekiwe kumthethonqubo wesi-3 kufanele sifakwe ngokohlobo lwefomu yokufaka isicelo olukhona kuSengezo.

(2) Ifomu lokucela usizo kufanele ligcwaliswe futhi lisayinwe umfakisicelo nokuqinisekisa okusayinwe umfakisicelo-

(a) elinye ilunga lomndeni womuntu olahlekile noma oshonile, elingaphezulu kweminyaka engama-21 ubudala; noma

(b) umuntu ongaphezulu kweminyaka engama-21 ubudala owazi umfakisicelo, uma elinye ilungu lomndeni womuntu olahlekile noma oshonile lingatholakali.

(3) Ifomu lokufaka isicelo uma libekhona ehhovisi loMsingathi Sikhwama.

(4) Ifomu lokufaka isicelo uma lifakwa njengoba kusho umthethonqutshwana wesi-(6) kufanele liphelczelwe-

(a) yikhophi kamazisi womfakisicelo eqinisekisiwe;

(b) yikhophi kamazisi womamukeli eqinisekisiwe;

(c) yikhophi yomuntu oqinisekisa ifomu lokufaka isicelo eqinisekisiwe kamazisi;

(d) yincwadi eqinisekisa ukuthi umuntu olahlekile noma oshonilc nguye ngempela uma ikhona;

(e) yincwadi eqinisekisa ukuthi ukunyamalala komuntu olahlekile kwabikwa kuKhomishane, uma ikhona;

(f) yincwadi eqinisekisa ukuthi umuntu oshonile ushone ngempela, uma ikhona;

(g) nencwadi eqinisekisa izimo ezadala ukunyamalala komuntu olahlekile, uma ikhona;

(h) yincwadi eqinisekisa ukushona nosuku ashona ngalo umufi, uma usizo oluhlinzekwe kumthethonqubo wesi-3(2)(c) luceliwe; kanti futhi

(i) ngokomthethonqubo we-10(1)(c), lapho kudingeka ikhophi kamazisi yomunye umuntu okungesiye umfakisicelo noma umamukeli okuzofakwa e-akhawuntini yakhe yasebhange imali ehlinzekwe kuMthethonqubo.

(5) Imininingwanne yasebhange esefomini lesicelo kufanele iqinisekiswe ukuthi iyiyo abasebhange ngokuthi bagxivize isigxivizo sasebhange efomini lesicelo.

(6) Ifomu lokufaka isicelo emuva kokuthi ligcwaliswe umfakisicelo kufanele linikezwe uMsingathi Sikhwama.

Ukuphasiswa kwesicelo sosizo

8. (1) Ngesikhathi uMsingathi Sikhwama ethola ifomu lesicelo eligcwalisiwe kufanele-

(a) ngokushesha, ngenhloso yokuthi isicelo siphasiswe ngokushesha nokuthi kutholakale usizo kufanele, kufanele athole olunye ulwazi noma izincwadi nokuchazeleka kunoma yikuphi ukungabaza maqondana nolwazi olusefomini lesicelo noma axhumane nomsebenzi kahulumeni maqondana nesicelo sosizo njengoba kuhlinzekwe kumthethonqubo wesi-6;

(b) kufanele azenelise ukuthi-

(i) umfakisicelo uyilungu lomndeni womuntu olahlekile noma oshonile, elinikwe ilungelo amanye amalungu omndeni womuntu olahlekile noma oshonile njengoba kuhlinzekiwe kumthethonqubo woku-1 weMithethonqubo;

(ii) usizo oluceliwe lumayelana nomuntu olahlekile noma oshonile;

(iii) usizo oluceliwe lumaqondana nokumbiwa kwesidumbu somuntu olahlekile noma ngenhloso yesicelo esihlinzekelwe kumthethonqubo wesi-3(2)(b) noma lokungcwaba kabusha noma yesingamngcwabo womuntu oshonile; kanti futhi

(iv) izinto ezidingekayo noma izimo ezihlinzekwe kumthethonqubo wesi-7 zigciniwe;

(c) enze amalungiselelo nabantu abafanele kanye nesikhungo ukuqinisekisa ngenkokhelo noma ukunikezela ngosizo lapho lidingeka khona;

(d) nokukhokha ngokuhambisana nemiyalo yomfakisicelo, njengoba kushiwo kwifomu lokufaka isicelo eligcwalisiwe.

(2) Usizo oluhlinzekelwe kumthethonqubo wesi-3(2) kufanele likhokhelwe uMsingathi Sikhwama uma-

(a) izinto ezidingekayo noma izimo ezihlinzekelwe kumthethonqubo wesi-7 zifeziwe;

(b) noMsingathi sikhwama wanelisekile ngezinto ezihlinzekwe kumthethonqutshwana woku-(1)(b).

Isinqumo ngesicelo sokuthola usizo

9. (1) UMsingathi Sikhwama ngemuva kokulandela inqubo edingekayo nezimo ezihlinzekelwe kumthethonqubo wesi-7 zokuthi abohambisana nazo kufanele athathe isinqumo maqondana nesicelo sosizo.

(2) UMsingathi Sikhwama kufanele -

(a) abhale phansi izizathu zesinqumo asithathile;

(b) azise umfakisicelo ngomlomo nangokubhalwe phansi ngesinqumo asithathile aphinde amazise ngelungelo lakhe lokufaka isikhalazo uma umfakisicelo engavumelani nesinqumo.

(3) Uma uMsingathi Sikhwama enquma ukuthi alukho usizo oluzonikezelwa noma uma enquma ukuthi usizo oluzonikezwa umfakisicelo luncane kunenani eliceliwe, uMsingathi Sikhwama kufanele azise umfakisicelo ngomlomo nangokubhalwe phansi izizathu zesinqumo sakhe.

Ukukhokhelwa kwemali yezibonelelo neyoxhasomali

10. (1) Inkokhelo yemali yosizo oluhlinzekwe kumthethonqubo wesi-3(2) kufanele ikhokhelwe-

(a) ngemali ephuma esikhwameni;

(b) ifakwe ebhange;

(c) njengoba kuhlinzekelwe ngokosizo kumthethonqubo wesi-3(2)(a) noma (c), kumfakisicelo noma umamukeli noma umuntu oqokwe umfakisicelo noma umamukeli ngokubhalwe phansi, lapho kufuneka khona isiqinisekiso somazisi wokuthi nguye ngempela oqokiwe; kanti futhi

(d) lapho kufuneka khona usizo lwemali yokukhokhela umuntu onikeze usizo lwezomthetho njengoba kuhlinzekiwe kumthethonqubo wesi-3(2)(b).

(2) UMsingathi Sikhwama kufanele-

(a) azise umfakisicelo uma sekukhokhiwe; aphinde

(b) agcine nesiqinisekiso sokuthi kukhokhiwe.

Ukumelwa kwabantu abanezikhalo

11. (1) Umfakisicelo onesikhalo ngesinqumo esithathwe uMsingathi Sikhwama maqondana nosizo angacela ukumelwa uma edlulisela icala kuMgcini Ma-Akhawunti.

(2) Ukumelwa ngesikhalo okubhekiswe kuso kumthethonqutshwana woku-(1)-

(a) kungenziwa noma yinini, kodwa zingakapheli izinsuku ezinga-60 ngemuva kokuthola incwadi yesinqumo esithathwe uMsingathi Sikhwama;

(b) kufanele kube ngokubhalwe phansi;

(c) kufanele kubeke izizathu zokuthi kungani lo muntu enesikhalo; kanti futhi

(d) kufanele kuphelezelwe yizincwadi eziyisiqinisekiso sokuthi kungani lomuntu enesikhalo, uma kwenzeka.

(3) Isikhalazo okubhekiswe kuso kumthethonqutshwana wesi-(2) kufanele sinikezwe uMgcini Ma-Akhawunti ngeyodwa yalezi zindlela ezilandelayo:

(a) ngeposi elibhalisiwe;

(b) ngokuzihambisela yona wena ehhovisini loMgcini Ma-Akhawunti; noma

(c) ngefeksi bese kuthi isiqinisekiso sekhophi okuyiso kufanele sigcinwe bese sifakwa ngeposi elibhalisiwe.

Ukwenziwa kwenqubo yokumelelwa

12. (1) UMsingathi Sikhwama ngemuva kokuthi uMgcini Ma-Akhawunti emazisile ngesikhalo esifakiwe kufanele anikeze uMgcini Ma-Akhawunti izincwadi ezingakuye eziphathelene nalolu daba, kanye nezizathu zesinqumo asithathile.

(2) Umgcini Ma-Akhawunti ukuze athole umphumela maqondana nokufakwa kwesikhalazo kufanele abe nemibuzo ayibona ilungile.

(3) Umgcini Ma-Akhawunti ngokushesha okukhulu zingakapheli izinsuku ezinhlanu ethole isikhalazo kufanele athole umphumela maqondana nesikhalazo bese azisa umuntu ofake isikhalazo ngomlomo nangokubhalwe phansi ngakutholile.

Ukuqeda umsebenzi noma ukuhlanganiswa kosizo

13. Ngaphandle kokushayisana kwanoma yimuphi umthetho, izibonelelo zemali noxhasomali oluhlinzekwe kumthethonqubo wesi-3 akufanele-

(a) zikwazi ukuphela noma ukusetshenziswa umfakisicelo noma umamukeli anikwe zona;

(b) zikwazi ukuhlanganiseka ngaphansi kwesinqumo senkantolo yomthetho; noma

(c) zibe yingxenye yezimpahla zomfakisicelo noma umamukeli uma kwenzeka lezo zimpahla zibanjelwa isikweletu.

Isihloko esifushane

14. Le mithethonqubo ibizwa ngeMithethonqubo yokuMbiwa Kwesidumbu, Ukungcwaba Kabusha noma Yisingamngcwabo Womuntu Oshonile.

ISENGEZO

IFOMU LOKUFAKA ISICELO

ISICELO SOSIZO MAQONDANA NOKUMBIWA KWESIDUMBU, UKUNGCWABA KABUSHA NOMA YISINGAMNGCWABO WOMUNTU OSHONILE

Ulwazi nezincwadi ezicelwe kuleli fomu ziyadingeka ukuze kunikezwe usizo ngoku –

(a) mbiwa kwezinsalela zomuntu odukile;

(b) faka izicelo zokuqinisekisa ukushona komuntu odukile; kanye

(c) nokungwcatshwa kabusha noma isingamngcwabo womuntu oshonile.

SICELA UFUNDE UMBHALO OLANDELAYO NGAPHAMBI KOKUTHI UGCWALISE IFOMU

(a) Sebenzisa leli fomu ukucela usizo ngokumbiwa kwesidumbu somuntu okwabikwa ukuthi udukile kuKhomishana Yamaqiniso Nokubuyisana (TRC) noma ukufaka isicelo sokuqinisekisa ukushona komuntu okwabikwa ku-TRC ukuthi udukile noma isingamngcwabo womuntu isidumbu sakhe esingatholakali.

(b) Oyilungu lomndeni elibekwe amanye amalungu omndeni womuntu oshonile noma odukile ongacela usizo ngokugcwalisa leli fomu.

(c) Ungalicela usizo kuphela uma –

(i) engumzali noma umuntu onelungelo lokuba ngumzali kumuntu odukile noma oshonile;

(ii) engumuntu oshade nomuntu olahlekile noma oshonile ngaphansi kwanoma iyiphi inkolo noma usiko noma ngokomthetho wakhe noma owomndeni; ingane yomuntu olahlekile noma oshonile akukhathelekile ukuthi izalelwe emshadweni noma ngaphandle kwasemshadweni noma i-adopthiwe ngokomthetho;

(iii) engumuntu okufanele ondliwe umuntu odukile noma oshonile ngokomthetho wabantu bonke, umthetho ophathelene namasiko noma iqoqomithetho; noma

(iv) engumuntu oyisihlobo segazi somuntu oshonile noma odukile.

INGXENYE A

ISICELO SOKUSIZWA EKUMBIWENI KWESIDUMBU, UKUSINGCWABA KABUSHA NOMA ISINGAMNGCWABO WOMUNTU OSHONILE

I. IMININGWANE YOMFAKISICELO

1. Imininingwane yakho

(a) Isibongo: .....

(b) Amagama aphelele:

.....

(c) Ithayithili:

.....

(d) Khombisa ezinye izibongo: .....

(e) Inombolo Kamazisi:

.....

(Faka ikhophi kamazisi eqinisekisiwe.)

(f) Kungabe uyilungu lomndeni womuntu olahlekile noma oshonile?

Yebo/Chabo.....

(g) Kungabe uhlobene kanjani nomuntu olahlekile noma

oshonile?.....

2. Imininingwane yokuxhumana nawe

Ikheli lalapho incwadi ingaposelwa khona:

(a) Ikheli lasekhaya::

.....

.....

(Yibhlokhi/Umgwaqo neNombolo, Yilokishi/Yisabhabhu, Yidolobhakazi,

Isifundazwe,Ikhodi Yeposi, Neyezwe)

NOMA

(b) Ikheli leposi: .....

.....

(Ikheli leposi, Isabhabhu, Idolobhakazi, nekhodi Yeposi uma kungasetshenziswa ikhelo lomgwaqo)

(c) Imininingwane yalapho ungafonelwa khona:

* Inombolo yocingo lwasemsebenzini: Ikhodi (.....).....

* Inombolo yocingo lwasekhaya: Ikhodi (.....).....

* Inombolo yeselula:

.....

QAPHELA: Uma ungeke utholakale ngqo, bhala imininingwane yocingo yomuntu ongakudlulisela umyalezo.

II. IMININGWANE YOKUXHUMANA NOMUNTU OQINISEKISA OKUSAYINIWE KULELI FOMU

QAPHELA: Umuntu oqinisekisa okusayinwe omunye kuleli fomu angaqinisekisa kuphela uma-

(a) engelinye lamalungu omndeni womuntu olahlekile noma oshonile elingaphezulu kweminyaka engama-21 ubudala; noma

(b) engumuntu oneminyaka engama-21 ubudala owazi umfakisicelo, uma elinye ilunga lomndeni lingatholakali.

(a) Isibongo: .....

(b) Amagama aphelele:

.....

(c) Ithayithili:

.....

(d) Bhala ezinye izibongo: .....

(e) Inombolo Kamazisi:

.....

(Faka ikhophi kamazisi eqinisekisiwe.)

(f) Usayina kuliphi izinga? (Bheka umbhalo ongenhla isib. uyilungu lomndeni.)

.....

(g) Imininingwane yalapho ungafonelwa khona:

* Inombolo yocingo lwasemsebenzini: Ikhodi

(.....).....

* Inombolo yocingo lwasekhaya: Ikhodi

(.....).....

* Inombolo yeselula:

.....

QAPHELA: Uma ungeke ukwazi ukutholakala, sicela ubhale imininingwane yocingo lomuntu ongakudlulisela umlayezo.

INGXENYE B

IFOMU LOSIZO OLUDINGEKAYO

QAPHELA:

1. Kutholakala lolu sizo olulandelayo:

(a) Yizibonelelo zokuhamba nezokudla ngenhloso yokuhambela izinkambiso zabantu abadukile;

(b) **usizo ngezomthetho noma lwezimali ngenhloso yokufaka isicelo sokuqinisekisa ukushona komuntu odukile,**

(c) (i) **uxhasomali olukhokhwa kanye kuphela lwezi-R17 000,00 umngcwabo ngamunye ; noma**

(ii) **uxhasomali olukhokhwa kanye kuphela lwezi-R8 500,00 ngesingamngwabo ngamunye.**

2. **Ilungu lomndeni kamufi elingcwabe kabusha isidumbu sikamufi ngaphambi kokuthi umthethonqubo uqale ukusebenza futhi esingalitholanga uxhasomali lwezi- R15 000,00, bangafaka isicelo soxhaso olukhokhwa kanye lwezi- R15 000,00.**

3. **Imininingwane maqondana nosizo iyatholakala kumthethonqubo wesi-4, 5 nowesi-6 woMthethonqubo. Ikhophi iyatholakala eHhovisi loMsingathi Sikhwama.**

4. **Imininingwane yasebhange kufanele iqinisekiswe abasebhange ngokufaka isigxivizo sasebhange efomini.**

USIZO OLUCELIWE:

I. UKUMBIWA KWESIDUMBU

Izinsalela ....., zomuntu olahlekile,

*zambiwa/ziyambiwa ngezi- ..... (usuku) e-

..... (indawo ezizombiwa kuyo).

(*Cima konke okungadingeki.)

1. Isibonelelo sezindleko zokuhamba nezokudla zomfakisicelo

(a) Isibonelelo sezindleko zokuhamba sicelelwa .....

(umfakisicelo) okufanele ahambe mhla ..... (usuku)

..... (isikhathi) esuka ..... eya-

..... (indawo okuzombiwa kuyo isidumbu).

(b) Isibonelelo sezindleko zokudla ..... (zomfakisicelo) sidingelwa ubusuku obu ..... ,

ngoba.....

.....

.....

(Nikeza izizathu zesibonelelo sezindleko zokudla nokuthi ukudingela isikhathi esingakanani.)

(c) Uma izibonelelo uzithola, kufanele zifakwe ku-akhawunti yakho yasebhange nale minininingwane elandelayo:

Igama lomnikazi we-akhawunti:

.....

Inombolo Kamazisi yomnikazi we-akhawunti:

.....

(Faka ikhophi kamazisi eqinisekisiwe.)

Igama lebhange: .....

Igatsha: .....

Ikhodi yegatsha:

.....

Uhlobo lwe-akhawunti:

.....

Inombolo ye-akhawunti:

.....

ISIGXIVIZO SASEBHANGE

2. Isibonelelo sezindleko zokuhamba nezokudla zomamukeli

(a) ***Umamukeli wokuqala***

Isibongo: .....

Amagama aphelele:

.....

Ithayithili:

.....

Inombolo Kamazisi:

.....

(Faka ikhophi kamazisi eqinisekisiwe.)

Izinombolo zocingo: .....

(i) Isibonelelo sezindleko zokuhamba sicelelwa .....

(umamukeli wokuqala) okufanele ahambe mhla ..... (usuku)

..... (isikhathi) esuka ..... eya-

..... (indawo okuzombiwa kuyo isidumbu).

(ii) Isibonelelo sezindleko zokudla ..... (komamukeli wokuqala) sidingelwa ubusuku obu- ..... ,

ngoba.....

.....

.....

(Nikeza izizathu zesibonelelo sezindleko zokudla nokuthi ukudingela isikhathi esingakanani.)

(iii) Uma izibonelelo uzithola, kufanele zifakwe ku-akhawunti yakho yasebhange nale minininingwane elandelayo:

Igama lomnikazi we-akhawunti:

.....

Inombolo Kamazisi yomnikazi we-akhawunti:

.....

(Faka ikhophi kamazisi eqinisekisiwe.)

Igama lebhange: .....

Igatsha: .....

Ikhodi yegatsha: .....

Uhlobo lwe-akhawunti: .....

Inombolo ye-akhawunti: ....

ISIGXIVIZO SASEBHANGE

(b) ***Umamukeli wesibili***

Isibongo: .....

Amagama aphelele:

.....

Ithayithili:

.....

Inombolo Kamazisi:

.....

(Faka ikhophi kamazisi eqinisekisiwe.)

Izinombolo zocingo: .....

(i) Isibonelelo sezindleko zokuhamba sicelelwa .....

(umamukeli wesibili) okufanele ahambe mhla ..... (usuku)

..... (isikhathi) esuka ..... eya-

..... (indawo okuzombiwa kuyo isidumbu).

(ii) Isibonelelo sezindleko zokudla ..... (komamukeli wesibili) sidingelwa ubusuku obu- ..... ,

ngoba.....

.....

(Nikeza izizathu zesibonelelo sezindleko zokudla nokuthi ukudingela isikhathi esingakanani.)

(iii) Uma isibonelelo sezindleko usithola, kufanele imali ifakwe kwi-akhawunti yakho yasebhange nale minininingwane elandelayo:

Igama lomnikazi we-akhawunti:

.....

Inombolo Kamazisi yomnikazi we-akhawunti:

.....

(Faka ikhophi kamazisi eqinisekisiwe.)

Igama lebhange: .....

Igatsha: .....

Ikhodi yasebhange: .....

Uhlobo lwe-akhawunti: .....

Inombolo ye-akhawunti: .....

ISIGXIVIZO SASEBHANGE

(c) ***Umamukeli wesithathu***

Isibongo: .....

Amagama aphelele:

.....

Ithayithili:

.....

Inombolo Kamazisi:

.....

(Faka ikhophi kamazisi eqinisekisiwe.)

Izinombolo zocingo: .....

(i) Isibonelelo sezindleko zokuhamba sicelelwa .....

(umuntu wesithathu) okufanele ahambe mhla ..... (usuku)

..... (isikhathi) esuka ..... eya-

..... (indawo okuzombiwa kuyo isidumbu).

(ii) Isibonelelo sezindleko zokudla ..... (zomuntu wesithathu) sidingelwa ubusuku obu ..... , ngoba

.....

.....

(Nikeza izizathu zesibonelelo sezindleko zokudla nokuthi ukudingela isikhathi esingakanani.)

(iii) Uma izibonelelo uzithola, kufanele zifakwe ku-akhawunti yakho yasebhange nale minininingwane elandelayo:

Igama lomnikazi we-akhawunti:

.....

Inombolo Kamazisi yomnikazi we-akhawunti:

.....

(Faka ikhophi kamaziseqinisekisiwe i.)

Igama lebhange: .....

Igatsha: .....

Ikhodi yegatsha: .....

Uhlobo lwe-akhawunti: .....

ISIGXIVIZO SASEBHANGE

Inombolo ye-akhawunti: .....

II. ISICELO SOMYALO WOMUNTU OLAHLEKILE OKUCATSHANGWA UKUTHI USHONILE

(1) Kuhloswe ukuletha isicelo eNkantolo Enkulu (.....Ingxenye) ngokomyalo womuntu okucatshangelwa ukuthi washona ....., owabikwa kuKhomishane Yamaqiniso Nokubuyisana njengoba anyamalala futhi walahleka, kanti futhi kukholakala ukuthi wanyamalala noma walahleka ngesikhathi mhla lulu-1 kuMashi 1960 nomhla ziyi-10 kuMeyi 1994 ngenxa yezingxabano zakudala. Usizo oluhlinzekiwe kumthethonqubo wesi-3(2)(b) luyadingeka ngenhloso yokufaka isicelo enkantolo Enkulu.

(2) Umuntu owalahleka ..... (bhala usuku alahleka ngalo noma ukuthi sekuphele isikhathi esingakanani alahleka) walahleka kuyiphi indawo noma eseduze kwayiphi indawo .....(bhala indawo lapho kukholakala khona ukuthi lomuntu walahlekela kuyo).

(3) Bhala izimo lomuntu alahleka engaphansi kwazo futhi usho ukuthi kungani kukholakala ukuthi lomuntu walahleka ngenxa yezingxabano zakudala:

.....

.....

.....

.....

.....

.....

III. UKUNGCWABA KABUSHA/NESINGAMNGCWABO

(1)(a) Izinsalela zesidumbu ....., somuntu oshonile,

*zangcwatshwa/zizongcwatshwa mhla ..... (usuku) e-

..... .

(indawo okuzongcwatshelwa kuyo) kanye noxhasomali olukhokhwa kanye lwezi-R17 000,00 luyacelwa.

(*Cima konke okungadingeki.)

NOMA

(b) Izinsalela zesidumbu ....., somuntu oshonile azitholakali ngakho uxhasomali olukhokhwa kanye lwezi-R8 500,00 lwesingamngcwabo luyacelwa.

(2) Uxhasomali uma ulitholile, kufanele lifakwe e-ekhawuntini yasebhange nale minininingwane elandelayo:

Igama lomnikazi we-akhawunti:

.....

Inombolo Kamazisi yomnikazi we-akhawunti:

.....

(Faka ikhophi kamazisi eqinisekisiwe.)

Igama lebhange: .....

Igatsha: .....

Ikhodi yegatsha:

.....

Uhlobo lwe-akhawunti:

ISIGXIVIZO SASEBHANGE

INGXENYE C

ISIFUNGO/UKUQINISEKISA KANYE NALAPHO KUSAYINE KHONA UMFAKISICELO

Mina,

.....

(Inombolo Kamazisi: .....), ngingumfakisicelo, ngiyavuma ukuthi mina –

i. ngixoxisene namanye amalungu omndeni *womuntu odukile/oshonile; futhi

ii. nginikezwe imvume amanye amalungu omndeni *womuntu odukile/oshonile ukuthi ngifake isicelo.

Umfakisicelo * ufungile/ukuqinisekisa ukuthi ingqikithi yesifungo iphelele futhi iyiqiniso, phambi kwami e- ..... mhla ka- ..... enyangeni ..... 200.....

....

OFUNGISAYO UMFAKISICELO

(*Cima konke okungadingeki.)

INGXENYE D

ISIFUNGO/UKUQINISEKISA KANYE NALAPHO KUSAYINE KHONA UMUNTU OQINISEKISA IFOMU LESICELO

Mina,

.....

(Inombolo Kamazisi: .....), ngingumuntu oqinisekisa osayine leli fomu lesicelo, ngiyavuma ukuthi–

i. *ngiyilunga lomndeni *womuntu odukile/oshonile futhi ngineminyaka engaphezulu kwengama-21 ubudala;

ii. *ngingumuntu ongaphezu kweminyaka engama-21 ubudala owazi umfakisicelo.

Umuntu oqinisekisa ifomu lesicelo *ufungile/ukuqinisekisa ukuthi ingqikithi yesifungo iphelele futhi iyiqiniso, phambi kwami e- ..... mhla ka ..... enyangeni ka-..... 200.....

....

OFUNGISAYO UMUNTU OQINISEKISA OKUSAYINWE OFAKA ISICELO

(*Cima konke okungadingeki.)